



## Develop a reading routine at home

Making literacy part of your home. If you regularly read and write with your children at home, you teach them that reading and writing are important, useful and enjoyable. This helps make literacy learning easier for them. Everyone at home has a role to play in developing young children's reading and writing. Here are some ideas to make literacy an enjoyable part of everyday family life.



### CREATE A STORY ROUTINE

- ★ Set aside time every day to read and/or tell stories. Many children enjoy listening to stories at bedtime, but some children may find it easier to concentrate at other times in the day. Choose a time of day that works best for all of you.
- ★ Spend just 15 minutes a day reading storybooks aloud to your children. Make it a relaxed and enjoyable time. When your children realise that stories can be found in books, and that books are full of magical pleasure, they will try to read for themselves. Good readers at school are often the ones who read at home with family and friends.

### THINGS TO DO AT STORY TIME

- ★ Tell your children stories, sing songs and recite poems you know. This stimulates their imagination and develops their language. Listen to their stories and remember to show your appreciation.
- ★ Use your home language. Firstly, stories should be in your children's home language. Children should read and write in their home language before they learn to do this in other languages. A strong foundation in their home language is the key to all successful learning – including learning to read and write – because to learn well, they need to understand well.

## Yakha uhlelo olungaguquki lokufunda ekhaya

Ukwenza ukufunda nokubhala inqubo yekhaya lakho. Uma uzejwayeza ukufunda nokubhala kanye nezingane zakho njalo nje, usuke uzifundisa ukuthi kubalulekile ukufunda nokubhala, kuwusizo futhi kuyathokozisa. Ngaleyo ndlela-ke zikuthola kulula kuzo ukwazi ukufunda nokubhala. Umuntu wonke ekhaya kuneqhaza okumele alibambe ekuthuthukiseni ikhono lezingane ezincane lokufunda nokubhala. Nansi eminye imibono ephakanyiswayo ukwenza ukufunda nokubhala ingxenye ethokozisayo yempilo yansuku zonke emndenini.



### YAKHA UHLELO OLUNGAGUQUKI LOKUXOKA IZINDABA

- ★ Makube nesikhathi esibekiwe nsuku zonke sokufunda noma ukuxoka izindaba. Iningi lezingane zithokozela ukulalela izindaba ngesikhathi sezizolala. Kodwa-ke kwezinye izingane kuba lula ukwenza lokhu ngezinye izikhathi zasuku. Khethe isikhathi sasuku esilungele wonke umuntu.
- ★ Thatha imizuzu eyi-15 ngosuku ufundela izingane zakho izincwadi zezindaba. Funda kuzwakale. Lesi makube yisikhathi sokujabula nokukhululeka, kungabi sengathi zisegumbini lokufunda. Izingane zakho zizobona ukuthi izindaba zitholakala ezincwadini, nokuthi izincwadi lezi ziletha injabulo; izingane zizozama ukuzifundela ngokwazo. Izingane ezifunda kahle esikoleni kuvamise ukuthi kube yilezo ezithola isikhathi sokufunda emakhaya, ezifunda nomndeni nabangani.

### OKUMELE UKWENZE NGESIKHATHI SEZINDABA

- ★ Xoxela izingane zakho izindaba, ziculele izingoma uphinde uzihaye izinkondlo ozaziyo. Lokhu kuzigugqezela ukuzakhela isithombe ngokuxoxwayo futhi kuthuthukisa ulwazi lwazo lolimi. Nawe ubolalela izindaba ezizixoxayo futhi ukhumbule ukuzincoma ngokuxoxa kwazo.
- ★ Sebenzisa ulimi lwakho lwebele. Izindaba zokuqala ozixoxayo kufanele zixoxwe ngolimi eziluncile ebeleni. Izingane kufanele zifunde zibuye zibhale ngolimi lwazo lwebele ngaphambi kokuthi zifunde ukwenza lokhu ngezinye izilimi. Uma zinesisekelo esiqinile olimini lwebele zisuke ziphethe isihluthulelo sokufunda ngempumelelo kukho konke – okubandakanya ukufunda ukufunda okubhaliwe nokubhala – ngoba ukuze zifunde kahle kumele ziqondise kahle.



### Be a role model

Children learn more from watching what we do than from what we tell them to do! Let your children see you reading for pleasure and to find information, for example, when you read books, recipes, school notices, magazines and newspapers.

### Yiba yisibonelo esihle

Kumele wazi ukuthi izingane zifunda kangcono ngokubuka lokhu esikwenzayo ukwedlula lokhu esizifundisa khona ukuthi zikwenze! Izingane mazikubone wena uqobo ufundela ukuchitha isizungu kanye nokuthola ulwazi. Ukwenza isibonelo, funda izincwadi, imibhalo yezindlela zokupheka, izaziso zasesikoleni, amaphephabhuku kanye namaphephandaba.




Drive your  
imagination



IT STARTS WITH  
A STORY.  
KUQALA  
NGENDABA  
EXOXWAYO.



# Ngifundele nsuku zonke!



# Read to me every day!

Contact us in any of these ways:  
Sithinte noma kungeyiphi yalezi zindlela:

[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org)

[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)

[nalibaliSA](https://www.facebook.com/nalibaliSA)

[@nalibaliSA](https://twitter.com/nalibaliSA)

[@nalibaliSA](https://www.instagram.com/nalibaliSA)

[info@nalibali.org](mailto:info@nalibali.org)

*Nalibali*



## Reading club corner




## Ikhona lethimba lokufunda

### What makes a good children's book?

**You can't discover the joy of reading without having good books to read! And the more books that children have around them, the more likely they are to pick one to try.**

- ♥ Babies and toddlers often like books with big, bold, colourful pictures and few words in them. They also like simple stories with pictures and short sentences, and books with rhymes. Flap books and books with different textures, or that make a sound when you press something, will lead to many fun moments when you read together. Books made of cloth and board are often the most practical because babies like to chew, pat, hit, drop, and even occasionally throw books!
- ♥ Children aged 2 to 5 years mostly enjoy picture books – stories that have pictures and accompanying text that can be read in one sitting. Stories can be about everyday life or about the imaginary worlds of kind or cruel queens, fairies, dragons and animals that talk and act like people. Children in this age group also often enjoy some simple informative books with lots of clear and interesting photographs.
- ♥ Most children learn to read between the ages of 6 and 11 years. Many still enjoy picture books and especially enjoy trying to read books that were read to them when they were younger! As they begin to read books, children often find particular authors whose books they enjoy – and then like to read all the books by this author! Recipe books, craft books, other "how to" books, joke books and fact books seem to be popular with this age group.
- ♥ Children who are regular readers have usually developed an ability to choose books for themselves by the time they are twelve. Suggest new authors to children of this age or suggest authors who write books on similar topics or in a similar style to the ones they have already read and enjoyed.
- ♥ Many teenagers enjoy books that focus on the challenges of growing up, while others prefer to escape into the world of fantasy!



### Yini eyenza incwadi yezingane enhle?

**Angeke ukwazi ukuvumbulula injabulo yokufunda ngaphandle kokuba nezincwadi ezinhle ongazifunda! Futhi zingane uma zinezincwadi eziningi ezizungezile, zisemathubeni amakhulu okuthatha eyodwa zizame.**

- ♥ Izinsana kanye nojahidada bavame ukuthanda izincwadi ezinezithombe ezinkulu, ezigqamile, ezinemibalabala kanye nezizamagama ambalwa phakathi. Baphinde bathande izindaba ezilula ezinezithombe kanye nemisho emifushane, kanye nezincwadi ezinemilolozelo. Izincwadi ezisazingqwenjana eziphenqwayo, kanye nalezo ezingefani lapho uzithinta, noma ezenza umsindo uma ucindezela okuthile, zizoholela emathubeni amaningi okwabelana ngobumnandi. Izincwadi ezenziwe ngendwangu kanye noqwebeme zivamise ukuba ngezisebenza kahle kakhulu ngoba izinsana ziyathanda ukuhlafuna, ukuthintathinta, ukushaya, ukuwisa, ngisho nokujikijela izincwadi ngezinye izikhathi!
- ♥ Izingane ezineminyaka emi-2 kuya kwemi-5 ubudala zithokozela kakhulu izincwadi ezinezithombe – izindaba ezinezithombe kanye nombhalo ohambisana nazo ongafundwa ngokuhlala okukodwa nje phansi. Izindaba zingaba mayelana nempilo yansuku zonke noma ngemihlaba ecatshangive yezindlovukazi ezilungile noma ezinonyo, abalingiswa abanemilingo, amadragoni kanye nezilwane ezikhuluma ziphinde zenze njengabantu. Izingane ezikule ntanga yeminyaka zivamisile futhi ukuthokozela izincwadi ezilula ezinikeza ulwazi ezinezithombe ezicacile nezithakaselekayo.
- ♥ Iningi lezingane lifunda ukufunda seziphakathi kweminyaka eyisi-6 neyi-11. Eziningi zisathokozela izincwadi ezinezithombe futhi zithokozela ikakhulukazi ukuzama ukufunda izincwadi ezazifundelwa zona zisencanyana! Ngesikhathi ziqala ukufunda izincwadi, izingane zivame ukuthola ababhali abathile ezithokozela izincwadi zabo – emva kwalokho zithanda ukufunda zonke izincwadi zalowo mbhali othile! Izincwadi zamasu okupheka, izincwadi zomsebenzi wezandla, ezinye izincwadi "zendlela yokwenza izinto", izincwadi zamahlala kanye nezincwadi zamaqiniso zibonakala zithandwa kakhulu kuleli banga leminyaka.
- ♥ Izingane ezifunda njalo ngokujwayelekile seziyakwazi ukuzikhethela izincwadi ngesikhathi sezineminyaka eyishumi nambili. Phakamisa ababhali abasha ezinganeni ezikule minyaka yobudala noma uphakamise ababhali ababhala izincwadi ngezindikimba ezifanayo noma ababhala ngendlela ecishe ifane naleyo yalabo asebefunde baphinde bathokozela izincwadi zabo.
- ♥ Abaningi abangamabhungu namatshitshi bathokozela izincwadi ezigxila ezinselelweni zokukhula, ngesikhathi abamanye bencamela ukweqa baye emhlabeni osengqondweni kuphela!

## Spread the love and tell us your African stories

Nal'ibali is looking for short, original children's stories in all 11 official SA languages to publish in print and on air. Help us keep spreading the joy of reading far and wide. Send your story today in a Word document to [stories@nalibali.org](mailto:stories@nalibali.org)

For story guidelines see [www.nalibali.org/story-resources/your-stories](http://www.nalibali.org/story-resources/your-stories)



## Fafaza uthando ngokusixoxela izindaba zakho ezisuka e-Afrika

UNal'ibali ufuna izindaba ezimfushane, ezintsha ezixoxelwa izingane ngazo zonke izilimi eziyi-11 ezisemthethweni zaseNingizimu Afrika ukuze azishicilele futhi zidlalwe emoyeni. Sisize siqhubeke nokusabalalisa injabulo yokufunda kude naseduze.

Thumela indaba yakho namuhla uyibhale nge-Word document ku-[stories@nalibali.org](mailto:stories@nalibali.org)

Ukuze uthole imihlahlandlela yokuxoxwa kwezindaba vakashela ku-[www.nalibali.org/story-resources/your-stories](http://www.nalibali.org/story-resources/your-stories)



Drive your imagination

Get creative!

Veza ubuciko bakho!



Make paper plate animal masks  
Yenza izifihlabuso zezingqwembe zephepha

1.



1. Choose which animal mask you want to make.
1. Khetha ukuthi yisifihlabuso sasiphi isilwane ofuna ukusenza.

2.



2. Cut out the holes for the eyes and mouth.
2. Sika bese ukhipha izimbobo zamehlo nomlomo.

3.



3. Use paint, crayons or kokis to colour in the animal mask.
3. Sebenzisa upende, amakhirayoni norma amapeni ombala ukusifaka umbala isifihlabuso sesilwane.

4.




4. Cut out, colour in and paste on ears, a nose or trunk and whiskers for your animal mask.
4. Sika bese ukhipha, ufake umbala bese unamathisela amadlebe, ikhala noma umzimba nezindevu zesifihlabuso sakho sesilwane.
5. Make holes on the side of the mask. Thread some wool or string through each hole so that you can tie the mask around your head.
5. Bhoboza izimbobo ohlangothi lwesifihlabuso. Tshutsha uvalo noma intambo embotsheni ngayinye ukuze ubophe isifihlabuso ngemuva kwekhanda lakho.

Photos/Izithombe: Chèlan Naicker

Create **TWO** cut-out-and-keep books

1. Take out pages 5 to 12 of this supplement.
2. The sheet with pages 5, 6, 11 and 12 on it makes up one book. The sheet with pages 7, 8, 9 and 10 on it makes up the other book.
3. Use each of the sheets to make a book. Follow the instructions below to make each book.
  - a) Fold the sheet in half along the black dotted line.
  - b) Fold it in half again along the green dotted line.
  - c) Cut along the red dotted lines.



Zenzele ezakho izincwadi **EZIMBILI** ozozisika uzikhiphe bese uzigcina

1. Khipha ikhasi lesi-5 ukuya kwele-12 alesi sithasiselo.
2. Iphepha elinamakhasi 5, 6, 11 kanye nele-12 lenza incwadi eyodwa. Iphepha elinamakhasi 7, 8, 9 kanye nele-10 lenza enye incwadi.
3. Sebenzisa iphepha ngalinye ukuze wenze incwadi. Landela imiyalelo engezansi ukuze wenze incwadi ngayinye.
  - a) Songa iphepha libe nguhhafu ngokulandela umugqa wamachashazi amnyama.
  - b) Lisonge libe nguhhafu futhi ulandele umugqa wamachashazi aluhlaza okotshani.
  - c) Sika ulandele umugqa wamachashazi abomvu.



Drive your imagination



The giant was so pleased with himself that when he passed a party being held in a neighbour's house, he decided to take a break to celebrate.

"Give me some beer!" he boomed at the hostess, placing his sack carefully next to him.

"Certainly," she said, but while he was guzzling the drink down, she heard a sweet, sad voice coming from his sack. "There's someone in there!" the hostess said to herself. "We must help her!"

Izimuzimu laithokoze kakhulu kangangoba lapho lidlula edlini! clenziwe endlini yakwamakhehewane, lanquma ukuhlaba ikhefti ukuze ligubhe ngelikuchohle.

"Ake ningphe ushwala!" limemeza umninini wedli, libeka umgodla walo eduze kwalo ngokucophela.


"Kulungile," kusho yena, kodwa ngesikhathi izimu ligoxa ushwala, wezwa izwi eliphohle, elidangele eliphuma emgodleni.

"Kukhona umuntu ola phakathi!" ekhuluma yedwa umninini wedli. "Kumele simsize!"



## Tselane and the giant UTselane nezimuzimu

Joanne Bloch  
Jiggs Snaddon-Wood  
Busisiwe Pakade



Tselane's mother always sings to her when she arrives home so that Tselane knows it's safe to open the front door. But a horrible giant tricks Tselane into opening the door, then stuffs her into his sack and steals her away. Luckily for Tselane, the giant stops at a neighbour's party to drink some beer. The hostess hears Tselane's voice from inside the bag, and comes up with a wonderful plan to rescue the girl and punish the nasty giant!

This version of the traditional African story, *Tselane and the giant*, is retold by Joanne Bloch.

Umama kaTselane uhlale emculela uma efika ekhaya ukuze uTselane azi ukuthi kuphephile ukuthi angavula umnyango wangaphambili. Kodwa izimuzimu elibi likhohlisa uTselane ukuze avule umnyango, libe selimphonsa esakeni lalo, limntshontsha. Ngenhlanhla kaTselane, izimuzimu lidlula emcimbini kamakhelwane ukuze liphuze umqombothi. Umnikazi womcimbi uzwa izwi likaTselane ngaphakathi kwesaka, bese eqhamuka necebo elihle lokuhlenga intombazane kanye nokujezisa izimuzimu elibi!

Le nganekwane yendabuko yase-Afrika ethi, *UTselane nezimuzimu*, ixoxwa kabusha nguJoanne Bloch.


Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark and embed a culture of reading across South Africa. For more information, visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) or [www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)



UNal'ibali umkhankaso kazwelonke wokufundela ukuzithokozisa wokokhela inhlansi nokuzinzisa isiko lokufunda eNingizimu Afrika yonkana. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) noma ku-[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)



Drive your  
imagination



Along, long time ago, when giants roamed about and chickens talked, a poor woman lived with her daughter, Tselane, in a little house. Since she had nobody to look after Tselane, the woman was forced to leave the child alone when she went to plough her fields each day.

Of course, Tselane’s mother wanted her to be safe, so every morning when she left home, she reminded Tselane *never* to open the door for *anyone*. And every time she came home, she sang this song to her, “Tselane, my child, Tselane, my child, come and open the door!”

Then Tselane, who was waiting to hear her mother’s sweet voice, answered with her own little song, “Yes, Mama, I hear you! Yes, Mama, here I come!” she sang, unlocking the door with a big smile and hugging her mother tightly.

Endulo ngesikhathi amazimuzimu esazula emhlabeni, nezinkukhu zisakhuluma, kwakukhona owesifazane ompofu owayehlala nendodakazi yakhe uTselane endlini encane. Njengoba wayengenaye umuntu ozombhekela uTselane, lona wesifazane waphoqeleka ukuthi ashiye ingane yakhe yodwa ngesikhathi eyolima emasimini nsuku zonke.

Empeleni unina kaTselane wayefuna umntanakhe aphephe, ngakho njalo ekuseni ngesikhathi esehamba ekhaya wayemkhumbuza ukuthi angavuleli muntu umnyango. Kanti njalo uma ebuya ekhaya wayemculela iculo elithi, “Tselane, ngane yami, Tselane, ngane yami, woza uzongivulela umnyango!”

Bese uTselane owayelindele ukuzwa iphimbo likanina eliminandi, aphendule ngeyakhe ingoma emfishane. “Yebo, Mama, ngiyakuzwa! Yebo, Mama, sengifikile!” ecula, evula umnyango okhiyiwe, emamatheka kakhulu futhi enkonkoshela unina emqinisa.

Turning to the giant, she said, “Please go and fetch me some water at the stream. In return I’ll give you a whole bucket of beer.”

“Ho ho!” said the greedy giant, grabbing the calabash she gave him. How could he know it had a little hole in it? At the stream, he tried again and again to fill it with water – but somehow, it never quite filled up.

Back at the house, the woman and her husband quickly helped Tselane out of the sack and hid her in their house. Then they filled the sack with snakes, wasps, lizards, bees, crickets and frogs.


Waphendukela ezimuzimini, wathi, “Ngicela uyongikhele amanzi emthonjeni. Ngizokunika ibhakede eligcwele utshwala ngalokho.”

“Ho ho!” kusho izimuzimu eliyigovu, ligxavula isigubhu asinika lona. Lalizokwazi ngani ukuthi sasinemboobo encane? Emthonjeni, lalilokhu lizama ukusigcwalisa ngamanzi – kodwa ngeshwa, asizange sigcwalc.

Emuva endlini, owesifazane nendoda yakhe basiza uTselane ngokumkhipha esakeni ngokushesha, base bemcashisa endlini yabo. Base begcwalisa umgodla ngezinyoka, izinyosi, izintulo, imivi, izinyendle kanye namaxoxo.







## COLLABORATE

COMMUNITY PROJECTS

Serapana was created as part of the Dithakga tša Gobala project (2017). The aim of the project was to create wordless picture books based on stories sourced from parents and children in the Mamelodi community in Pretoria, South Africa. Wordless picture books allow readers to use the illustrations to create a story in a language of their choice. In this way, the project hopes to foster a love of books, reading and storytelling regardless of literacy levels, language preference and age.

[www.collaboratecommunityprojects.org](http://www.collaboratecommunityprojects.org)

Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark and embed a culture of reading across South Africa. For more information, visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) or [www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)



UNal'ibali umkhankaso kazwelonke wokufundela ukuzithokozisa wokokhela inhlansi nokuzinzisa isiko lokufunda eNingizimu Afrika yonkana. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) noma ku-[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)



Drive your  
imagination

## Serapana USerapana

*Raisibe Rosina Kekana  
Astrid Blumer*



















The giant felt very angry. He decided to go to the sangoma for help. "Eat this," said the sangoma, giving him a piece of hot metal. "It will change the sound of your voice."

The next day, when the giant sang to Tselane, his voice sounded sweet and beautiful. Thinking that her mother was home, the girl sang her song and joyfully opened the door. As quick as lightning, the evil giant seized her and threw her into a sack. Then he slung the wriggling sack over his shoulder and stomped off.

Izimuzimu lazizwa lithukuthele kakulu. Lanquma ukuya esangomeni ukuzeyo luyothola usizo. "Yidla lokhu," kusho isangoma silinikeza isimbisi eshisayo. "Kuzoshintsha indlela okuzwakala ngayo izwi lakho."


Ngosuku olulandelayo, ngesikhathi izimuzimu liculela uTselane, izwi lalo lalizwakala linaandisi futhi lilihle. Icabanga ukuthi unina ubuyile, intombazanyana yacula yavula umnyango ithokozile. Ngokushesha njengonyazi, izimuzimu elikhulu layigxaxavula layifaka emgodleni walo. Lase liphonsa umgodla onokushuzayo emahlombe alo laphuma lishayela phezu.

"Let me see you!" he growled, peering into the sack. But guess what? All the horrible creatures shot out and started stinging and biting him at the same time! Roaring, the giant leapt up and ran to the door, but it was locked. When he finally unlocked it, he ran screaming to the river and plunged his head into the muddy river bank. There he got stuck and turned into a tree.

Look out for a tree with two trunks on the river bank – it is still there to this day. And as for Tselane, she was soon safely back home with her mother.

"Ake ngikubone!" kugwavuma lona ngesikhathi lilunguza emgodleni. Kodwa uyazi ukuthini? Kwaphuma zonke izilwane ezimbi zase ziqala ukulitinyela nokuliluma kanyekanye. Labhonga izimuzimu, lagxuma lagijima liqonde emnyango, kodwa wawukhiyiwe. Ekugcineni ngesikhathi selikwazile ukuwuvula, lagijima likhala liya emfuleni, lase liphonsa ikhanda lalo odakeni olusosebeni lomfula. Labhajwa lapho, lase liphenduka isihlahla.

Ubobheka isihlahla esinezingodo ezimbili osebeni lomfula – sisekhona nanamhlanje. Kanti uTselane yena, waphinde wabuyela ekhaya kunina ephephile.





One day, a horrible, greedy giant who lived close by heard the two singing to each other. “Mmmm,” he said, drooling and licking his lips, “that child sounds like a delicious, tender snack!” A few days later, when the giant was particularly hungry, he trundled off to Tselane’s house. At the front door he took a deep breath, opened his mouth and sang, “Tselane, my child, Tselane, my child, come and open the door!” But Tselane just laughed. “Go away!” she said. “Your rough, ugly voice is nothing like my mama’s beautiful voice!”

Ngelinye ilanga, izimuzimu elikhohlakele, eliyigovu, elalihlala eduze nabo lezwa laba ababili beculelana. “Mmmm,” lasho, kuconsa amathe likhotha nezindebe zalo. “Ieyo ngane izwakala sengathi iyisidlo esimnandi, esithambile!”


Emva kwezinsuku ezimbaw, lapho izimuzimu selilambe kakhulu, lahamba laya kubo kaTselane. Seliphambi komnyango ladonsa umoya kakhulu, lavula umlomo walo lacula. “Tselane, ngane yami, Tselane, ngane yami, woza uzongivulela umnyango!”

Kodwa uTselane wavele wahleka nje, “Hamba la” kusho yena. “Izwi lakho elibhodlayo, elibi alisondele nokusondela ezwini likamama wami elihle!”



After a long time, the giant came back with a little bit of water. He flung the leaking calabash down, glared at the woman, grabbed his beer and the sack and stormed off, grumbling and rumbling. At his house, he dropped the sack and went inside.

“Bring my sack inside!” he barked at his son, but when the boy picked the sack up, a wasp flew out and stung him on the nose. “WAAAA!” he wailed, running inside. “WAAAA! WAAAA!”



“WHERE’S MY SACK?” shouted the giant. “Bring it immediately!”

Now, his wife rushed outside, but a snake darted out and bit her hand. “YAAAA!” she howled, running indoors. “YAAAA!”

By now the giant was fuming. “Get out!” he shouted at his family. He jumped up, grabbed the sack and locked the door.

Ngemva kwesikhathi eside, izimuzimu labuya namanzi amancane. Lajikijela isigubhu esivuzayo phansi, lagqolozela owesifazane, lagxavula utshwala kanye nomgodla walo laphuma ligqishazela futhi, ligwavuma. Selifike ekhaya, labeka phansi isaka lase lingena ngaphakathi.

“Ngenisa umgodla wami!” likhonkotha indodana yalo, kodwa ngesikhathi umfana ethatha umgodla, kwandiza umuvi wamtinyela ekhaleni. “WAAAA!” wakhala, wagijima wangena endlini. “WAAAA! WAAAA!”

“UPHI UMGODLA WAMI?” kuthetha izimuzimu. “Awushayeke la njengamanje!” Kulokhu kwaphuma unkosikazi walo egijima, kodwa kwaphuma inyoka yamluma isandla. “YAAAA!” ekhala kakhulu, egijima engena endlini. “YAAAA!” Izimuzimu lase liqhuma ukuthukuthela ngalesi sikhathi. “Phumani!” lisho lithethisa umndeni walo. Lasukuma, lagxavula umgodla walo lase likhiya umnyango.



## Get story active!

Here are some activities for you to try. They are based on all the stories in this edition of the Nal'ibali Supplement: *Tselane and the giant* (pages 5, 6, 11 and 12), *Serapana* (pages 7 to 10) and *The mirror in the bushveld* (page 14).

### Tselane and the giant

- ★ Play a game with older children. Ask them to describe a monster that steals children while you draw what they describe. Then swap roles and let them draw a monster you describe.
- ★ What other stories do you know about a person or animal that pretends to be someone else so that they can catch children?
- ★ *Tselane and the giant* is a traditional African tale that has been retold to be more modern. Choose a traditional story that you know and change it into a modern story.



## Yenza indaba ihlabe umxhwele!

Nayi eminye imisebenzi eqondiswe kuwe ukuthi uyizame. Isuselwe kuzo zonke izindaba ezikulolu shicilelo lweSithasiselo sakwaNal'ibali: *UTselane kanye nezimuzimu* (amakhasi elesi-5, 6, 11 nele-12), *USerapana* (amakhasi elesi-7 kuya kwele-10) kanye nethi *Isibuko esisehlanzeni* (ikhasi le-15).

### UTselane kanye nezimuzimu

- ★ Dala umdlalo nezingane ezindadlana. Zicela ukuthi zichaze inunu entshontsha izingane ngesikhathi udweba lokhu ezikuchazayo. Emva kwalokho shintshanani ngemisebenzi uziyekele zidweba inunu oyichazayo.
- ★ Yiziphi ezinye izindaba ozaziyo ngomuntu noma isilwane esizenza omunye umuntu ukuze sikwazi ukubamba izingane?
- ★ *UTselane kanye nezimuzimu* yingane kanye yomdabu yase-Afrika exoxwe kabusha ukuze ihambisane nesikhathi samanje. Khetha indaba yomdabu oyaziyo bese uyiguqula ibe yindaba yesimanje.

### Serapana

- ★ Put the pictures below in the correct order.



- ★ Look at the pictures and make up your own story about what is happening.
- ★ Make up your own story about how animals can help you. Write down or tell your story to a friend. Draw pictures to go with your story.

### USerapana

- ★ Beka izithombe ezingezansi ukuze zilandelane ngendlela efanele.



### The mirror in the bushveld

- ★ Sit opposite a friend. Copy everything that your friend does as if you are a reflection in a mirror. Take turns to play the reflection in the mirror.
- ★ Make animal masks like the ones on page 4. Act out the story *The mirror in the bushveld* with some friends or family members.
- ★ Write or tell a story with the title *The shadow in the city*.



### Isibuko esisehlanzeni

- ★ Hlala ubhekane nomngani. Lingisa yonke into umngani wakho ayenzayo sengathi uyilokho okubuyiswa yisibuko. Shintshanani ngokudlala okukhonjiswa yisibuko.
- ★ Yenza izifihlabuso zezilwane ezifana nalezo ezisekhasini lesi-4. Lingisani indaba ethi *Isibuko esisehlanzeni* ninabanye abangani noma amalungu omndeni.
- ★ Bhala noma uxoxe indaba enesihloko esithi *Leso sithunzi esisedolobheni*.





# The mirror in the bushveld

By Melody Ngomane ■ Illustrations by Magriet Brink and Leo Daly



It was a hot day in the African savannah when Rabbit decided to walk down to the stream to drink some water. She was hopping along slowly in the heat along an open dusty path when she saw a mirror flashing in the sunlight. Rabbit had never seen a mirror before, so she wondered what the strange animal was. As she got closer, to her surprise, she saw the veld inside it and a little white rabbit just like herself looking back. Rabbit ran as fast as she could to call for help.

"Help! Somebody please help me!" she cried.

Jackal was resting in the shade of a big tree after hunting. When he heard Rabbit's calls for help, he pretended he had not heard anything and hoped that other animals would help her because he was tired. But before he knew it, Rabbit ran towards where he was resting.

"Jackal, help! A monster, a monster!" cried the little white rabbit.

"A monster? Where?" asked Jackal, yawning.

"Down by the path on the way to the river. It has swallowed the whole veld and a little white rabbit like me," sobbed Rabbit.

At first Jackal chased Rabbit away because he could not believe such a thing had happened. "If the monster has swallowed the veld, why are we here and not inside the monster?"

Rabbit could not answer that question, but she kept on asking for help. Jackal went to call Leopard so that all three of them could go together to see the strange monster.



Jackal and Leopard followed Rabbit to where the monster was. Slowly, they crept up to the mirror. When they got up close, they saw three animals looking at them. The animals inside the monster's stomach looked just like them! They screamed in fright and ran down to the river to call Hippo.

"Hippo, please come and help us. A monster has swallowed the veld and three animals just like us!" said Jackal, talking as fast as possible.

Hippo didn't pay much attention to them and continued to enjoy her swim because she thought the animals were trying to trick her. But when she saw how terrified they were, she got out of the water. Then Hippo, Leopard, Jackal and Rabbit rushed to the place where the mirror was.

When they got there, Rabbit and Jackal stayed behind because they were scared that the strange animal would swallow them too. Leopard and Hippo ran forward to attack the strange animal ... but when they saw another

hippo and leopard running towards them, they ran away screaming, "A monster! A monster!"

The four animals ran to find Lion and told him the story of the strange animal.

"It swallowed a rabbit, a jackal, a leopard and a hippo," explained the animals, all talking at the same time.

"It also swallowed the whole veld," added Rabbit.

"And the animals in its stomach wanted to attack us!" said Hippo.

Lion had never heard of such a thing, so he immediately called his pride of lions together and they rushed off to attack the monster. Rabbit, Jackal, Leopard and Hippo followed closely behind.

On their way, they came across Monkey, who looked like he was searching for something. He jumped in front of Lion.

"Oh Lion, I am so glad to see you," he said. "Please help me find my mirror. I think someone has stolen it."

"Out of the way, Monkey. We have something more important to do. We are rushing to attack a monster that has swallowed animals and the veld," said Lion impatiently.

The monkey moved out of the way but decided to follow the animals because he wanted to see what this monster looked like.

When the animals got near to where the mirror was, the lions, Hippo and Leopard stood still and prepared to attack. Then they ran towards the mirror! But when they saw a group of angry animals running towards them, they all scattered into the long grass. Then some of them lay flat on the ground, some hid behind bushes and some climbed into the trees.

When the monkey realised that what the animals were terrified of was his mirror, he burst out laughing. He ran to it and, looking at himself laughing, said, "I have been looking for you the whole day, my mirror."



When the other animals saw Monkey in front of the strange animal and how friendly the monster was to him, they crept out from where they were hiding and started asking Monkey questions about the strange animal.

"This is a mirror, it's not an animal. You look at yourself in it. See, that's me in the mirror," explained Monkey, holding up the mirror.

When the animals heard this, they all had a good laugh and spent a long time just looking at themselves in the mirror.



Drive your  
imagination





# Isibuko esisehlanzeni

NguMelody Ngomane ■ Imidwebo nguMagriet Brink noLeo Daly



Ikhona  
lezindaba

Kwakuwusuku olushisayo ethafeni lase-Afrika ngesikhathi uNogwaja enquma ukuhamba ehlele emfuleni ukuyophuza amanzana. Wayegxuma kancane ekushiseni endledlaneni evulekile ewubhuqu ngesikhathi ebona isibuko simenyezela elangeni. UNogwajwa wayengakaze asibone isibuko ngaphambilini ngakho-ke wayemangala ukuthi lesi silwane esingajwayelekile sasiyini. Ngesikhathi esondela, wamangala, wabona ukhalo kuso kanye nonogwaja omncane omhlophe njengaye ebuka emuva. UNogwaja wagijima ngokushesha okusemandleni akhe wayofuna usizo.

“Sizani! Ngicela ningisize bo!” ememeza ekhala.

UMpungushe wayeziphumulele emthunzini wesihlahla esikhulu ngemuva kokuzingela. Ngenkathi ezwa ukumemeza kukaNogwaja efuna usizo, wenza sengathi akezwanga lutho futhi wathemba ukuthi ezinye izilwane zizomsiza ngoba yena wayekhathele. Kodwa-ke ngokushesha nje, uNogwaja wavele wagijima waqonda ngqo lapho ayeziphumulele khona.

“Mpungushe, siza! Inunu, inunu!” kukhala unogwaja omncane omhloshana.

“Inunu? Ikuphi?” kubuza uMpungushe, ezamula.

“Ezansi ngasendleleni eqonde emfuleni. Isigwinye lonke ukhalo kanye nonogwaja omncane omhlophe njengami,” kuchiphiza uNogwaja.

Ekuqaleni uMpungushe wamxosha uNogwaja ngoba wayengafuni ukukholwa ukuthi into enjalo yayenzekile. “Uma ngabe inunu igwinye ukhalo, kungani pho silapha futhi singekho ngaphakathi kwayo?”

UNogwaja akakwazanga ukuphendula umbuzo lowo, waqhubeka nokucela usizo. UMpungushe wahamba wayobiza uNgwe yikhona bobathathu bezohamba ndawonye bayobona inunu engejwayelekile.



UMpungushe noNgwe balandela uNogwaja baya lapho kwakunenunu khona. Kancane kancane, bacathama bafika esibukweni. Ngenkathi sebeseduze nje, babona izilwane ezintathu zibabuka. Izilwane ezazisesiswini senunu zazibukeka zifana nabo nse! Zamemeza ngokwethuka zabaleka zibeke ezansi emfuleni ziyobiza uMvubu.

“Mvubu, sicela uze uzosisiza. Inunu igwinye ukhalo kanye nezilwane ezintathu ezifana nathi nse!” kwasho uMpungushe, ekhuluma ngokushesha okukhulu.

UMvubu akazange abanake kangako futhi waqhubeka nokuthokozela ukubhukuda kwakhe ngoba wayecabanga ukuthi lezi zilwane zazizama ukumphica. Kodwa ngenkathi ebona indlela ezazithuthumela ngayo, wavele waphuma emanzini. Emva kwalokho uMvubu, uNgwe, uMpungushe kanye noNogwaja baphuthuma endaweni lapho kwakukhona isibuko.

Ngesikhathi befika lapho, uNogwaja noMpungushe basala ngemuva ngoba babesaba ukuthi inunu engejwayelekile izobagwinya nabo. UNgwe noMvubu bagijima baya phambili ukuze bayohlasela inunu engejwayelekile... kodwa

bathi uma bebona enye imvubu nengwe zigijima ziza kubo, babaleka bekhala, “Inunu! Inunu!”

Lezi zilwane ezine zabaleka ukuze ziyothola uBhubesi zafike zamxoxela indaba yenunu engejwayelekile.

“Igwinye unogwaja, impungushe, ingwe kanye nemvubu,” kuchaza izilwane zonke zikhuluma kanyekanye.

“Iphinde yagwinya lonke ukhalo,” kwengeza uNogwaja.

“Futhi izilwane ezisesiswini sayo bezifuna ukusihlasela!” kwasho uMvubu.

UBhubesi wayengakaze ayizwe into enjalo, ngakho-ke ngokushesha wabizela ndawonye umhlambi wakhe wamabhubesi wabe usugijima uyohlasela le nunu. UNogwaja, uMpungushe, uNgwe kanye noMvubu bawalandela ngemuva eduze nje.

Endleleni yazo zahlangana noNkawu, owayebukeka sengathi ucinga okuthile. Wagxumela phambi kukaBhubesi.

“Hha, Bhubesi, ave ngijabula ukukubona,” kusho yena. “Ngicela ungisize ngithole isibuko sami. Ngicabanga ukuthi kunomuntu osintshontshile.”

“Suka endleleni, Nkawu. Sinento ethile ebaluleke kakhulu okumele siyenze. Siphuthuma ukuyohlasela inunu esigwinye izilwane kanye nokhalo lonke,” kwasho uBhubesi engenasineke.

Inkawu yasuka endleleni kodwa yanquma ukuzilandela lezi zilwane ngoba yayifuna ukubona ukuthi le nunu ibukeka kanjani.

Ngesikhathi izilwane sezisondela lapho kwakukhona isibuko, amabhubesi, uMvubu kanye noNgwe bama bathula du belindele ukuhlasela. Emva lwalokho bagijima beqonde esibukweni! Kodwa-ke lapho bebona iqoqo lezilwane ezithukuthile ligijima liqonde kubo, bahlakazeka bonke bengena otshanini obude. Ezinye zase zilala zithi cu phansi, ezinye zacasha ngemuva kwezihlahlana kanti ezinye zakhwela emithini.

Ngenkathi kuhlaluka enkawini ukuthi lokhu izilwane ezazikwesaba kwabe kuyisibuko sayo, yavele yaqhuma yahleka. Yagijima yaqonda kuso futhi, izibuka ihleka, yathi, “Bengicinga wena usuku lonke, sibuko sami.”



Lapho ezinye izilwane zibona uNkawu ephambi kwenunu engajwayelekile nokuthi inunu inobungani kanjani kuye, zaqala ukucathama zaphuma lapho bezicashe khona futhi zaqala ukubuza uNkawu imibuzo mayelana nenunu engajwayelekile.

“Lesi yisibuko, akusona isilwane. Uzibuka wena kuso. Bheka, yimina lona osesibukweni,” kuchaza uNkawu, ebambe isibuko esiphakamisele phezulu.

Lapho izilwane zizwa lokhu, zonke zavele zahleka kakhulu, zachitha isikhathi eside zizibuka esibukweni.





# Nal'ibali fun

## Okokuzithokozisa kwakwaNal'ibali




1.

Find the following things from the story, *The mirror in the bushveld*, in the wordsearch block.

ANIMAL  
RABBIT  
MONKEY  
LEOPARD  
HIPPO  
MONSTER  
BUSHVELD  
MIRROR  
JACKAL

W	R	M	O	N	S	T	E	R
A	A	N	U	F	E	L	L	P
N	B	U	S	H	V	E	L	D
I	B	E	L	M	L	O	E	L
M	I	R	R	O	R	N	O	H
A	T	I	O	N	U	C	P	I
L	J	A	C	K	A	L	A	P
D	X	O	P	E	I	U	R	P
E	L	Y	N	Y	F	R	D	O



Thola izinto ezilandelayo ezisendabeni ethi *Isibuko esisehlanzeni* ebhokisini lokucinga amagama.

ISILWANE  
UNOGWAJA  
INKAWU  
INGWE  
IMVUBU  
INUNU  
IHLANZE  
ISIBUKO  
IMPUNGUSHE



I	M	P	U	N	G	U	S	H	E	I
S	I	N	K	A	W	U	P	T	Y	N
I	N	G	W	E	L	T	E	D	C	U
L	R	X	T	B	Q	S	I	D	E	N
W	I	S	I	B	U	K	O	X	K	U
A	V	C	U	N	O	G	W	A	J	A
N	G	S	L	B	U	M	O	A	O	B
E	T	B	S	I	I	M	V	U	B	U
C	I	H	L	A	N	Z	E	F	T	C



2.

Find 8 differences between the two pictures.

Thola izinto eziyi-8 eziwumehluko phakathi kwalezi zithombe ezimbili.



Nal'ibali is here to motivate and support you. Contact us in any of these ways:

UNal'ibali ulapha ukukukhuthaza nokukusekela. Sithinte noma kungeyphi yalezi zindlela:

[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org)

[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)

[nalibaliSA](https://www.facebook.com/nalibaliSA)

[@nalibaliSA](https://twitter.com/nalibaliSA)

[@nalibaliSA](https://www.instagram.com/nalibaliSA)

[info@nalibali.org](mailto:info@nalibali.org)

Produced by The Nal'ibali Trust. Translation by Dumisani Sibiya. Nal'ibali character illustrations by Rico.

RISING SUN

PROTEA

RECORD

EYETHU

Bonus

LENTSWE

RIDGE TIMES



Drive your imagination

